**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI UMNUZ WILLIES MCHUNU ENGQUNGQUTHELENI YE-SANTACO KWAZULU-NATAL NGOMSOMBULUKO MHLAKA 25 MARCH 2013.**

Mphathi wohlelo;
Isigungu esikhulu se-SANTACO;
Ubuholi bososeshini bemboni;
Osomabhizinisi bonke bemboni yamatekisi;
Izimenywa ezahlukene;
Bafowethu nodadewethu;
Ngiyanibingelela nonke.

Masibonge ukuphinda sithole leli thuba lokuba yingxenye yomhlangano obaluleke kakhulu, i-Annual General Meeting yesibili ye-South African National Taxi Council KwaZulu-Natal kusukela i-SANTACO yasungulwa njengohlaka lukazwelonke ngo-2001.

Lo mhlangano ufika ngesikhathi esibaluleke kakhulu kuthina njengoHulumeni kanye nani njengemboni yamatekisi njengoba uqondana nesikhathi samaholide ePhasika.

Lesi yisikhathi lapho abantu abaningi bezothatha amaholide amafishane, abasebenzi abakude namakhaya bazobe beyobona imindeni kanti namakholwa angamaKristu azobe ephumile eyokhonza ezindaweni ezahlukene.

Kuyiqiniso-ke ukuthi iningi lalaba lizobe lithembele kwizithuthi zomphakathi, ikakhulukazi imboni yamatekisi, ukuze bafinyelele lapho beya khona. Kungenxa yalokhu-ke uthola ukuthi njengoHulumeni sihlale sikhathazeka ngendlela eniziphatha ngayo emgwaqeni, ukuphepha kwabagibeli.

Ukuqinisekisa kwenu ukuphepha kwabagibeli, okuyibona abangumgogodla womsebenzi wenu, kubaluleke kakhulu kuthina. Okusempeleni yikona okusihlanganisayo nani ngoba njengoHulumeni sikhethwa yibo abagibeli kanti yibo futhi abangabakhokhi bentela.

Kodwa okubaluke kakhulu ngukuthi iningi lalaba bagibeli yibona abondla imindeni noma abalekelela ngokukhulisa umnotho wezwe njengoba kuyibona abangabathengi bempahla ekhiqizwayo futhi abakhokhela nezidingo abahlinzekwa ngazo.

Ngakho-ke kubalulekile ukuthi bathuthwe ngokuphepha nsuku zonke – noma ngabe yiholide, impelasonto noma phakathi neviki. Ngaphandle kwabo njengabasebenzi nabathengi ngeke sikubone ukusimama komnotho ezweni lethu.

Siyazi ukuthi sekwaba wumkhuba ukuthi lesikhathi siyamaniswe nezingozi zamatekisi minyaka yonke ezibulala abantu abaningi abanye basale belimele.

Lesi yisikhathi sonyaka lapho kule minyaka edlule besibona imboni yamatekisi iphuca imindeni abantu abayondlayo, ngalokho ibhebhezela kakhulu inselelo yokuntuleka kwemisebenzi nobubha esibhekene nayo kuleli zwe lethu.

NgoMsombuluko odlule mhlaka 18 March njengoHulumeni wesifundazwe sethule ngokomthetho umkhankaso wokuphepha emgwaqeni ngalesi khathi sePhasika.

Kodwa ngifisa ukukucacisa ukuthi njengoHulumeni vele sesawuyeka umkhuba wokuthi senze imikhankaso yokuphepha emgwaqeni ngezikhathi ezithile zonyaka kuphela, njengamaholide kaKhisimusi nePhasika lapho umthamo wezimoto ukhuphuka khona.

Ngakho-ke ukwethulwa komkhankaso ngeledlule bekusho ukuqhubeka nalokho vele esikwenzayo unyaka wonke. Into esiyenzayo nje wukubuyekeza uhlelo bese silwenza ukuba luhambisane nalesi khathi esikusona.

Uma ngiselapho bafowethu nodadwethu, ngifisa ukubonga kakhulu ubuholi obukhonjiswe i-SANTACO emizamweni yokunqanda ukufa kwabantu okungenasidingo emigwaqeni yethu.

Siyawazi umfutho eseniwufakile ukusekela umkhankaso wethu ka-*Operation Val'ingozi.* Siwubonile umkhankaso wenu ka-*Operation Hlokomela* ukuthi usube nomthelela ongakanani ekwehliseni izinga lokufa kwabantu emgwaqeni.

Namhlanje siyaziqhenya ngokuthi uHulumeni akaseyedwa kulo msebenzi wokukhuthaza ukuphepha emigwaqeni ngoba manje sinobuholi embonini yamatekisi obunganqeni ukwenza i-road block ngokwabo bazigadele amalungu abo emgwaqeni.

Ngakho-ke akusekho ukubuyela emuva bafowethu – seniyicabile indlela okumele ihanjwe yizinagane zenu uma sezingena kuleli bhizinisi lenu esikhathini esizayo. Ziyobe sezazi ukuthi yini okumele ziyenze ukukhuthaza ukuphepha emgwaqeni ngoba senisukumile nayikhomba indlela.

Njengoba sikhuluma nje namhlanje, nakuba isibalo sabantu abafayo emigwaqeni yethu sisephezulu futhi singemukeleki, zikhona izinkomba zokuthi osomabhizinisi abathutha umphakathi abaningi KwaZulu-Natal bayalisabela ikhwela lokuba bavuselele onembeza babo bazibone njengabantu abaneqhaza ekuphepheni komphakathi.

Kulezi zinyanga ezedlule siyakuqaphela ukuthi sekube nokwehla kwesibalo sezingozi ezibandakanya amatekisi, ikakhulukazi lapho abantu abahlanu noma ngaphezulu belahlekelwa izimpilo zabo engozini eyodwa.

Siyakholwa-ke manje ukuthi njengoHulumeni, imboni yokuthutha umphakathi, nazo zonke izinhlaka esisebenzisana nazo, uma siqhubeka nokubambisana sizokwazi ukwehlisa ukufa kwabantu emgwaqeni ngo-50% ngonyaka ka-2020, okuyisibopho esasenza ukweseka umgomo we-United Nations ezibekele wona kusukela ngonyaka ka-2011.

Ngesikhathi sethula umkhankaso wePhasika ngesonto eledlule ngakuveza ukuthi kusukela ngonyaka wezimali ka-2009/2010 ngenkathi kungena lo Hulumeni okhona manje KwaZulu-Natal kuze kube yilo nyaka ka-2012/2013 ophelayo kule nyanga ka-March, sekube nomehluko ka-33.6% wokwehla kwesibalo sokufa kwabantu ezingozini zomgwaqo.

Nizokhumbula ukuthi sabeka unyaka ka-2011 njengonyaka womnyakazo wabantu wokulwa nezingozi nokwephulwa komthetho womgwaqo, i-*People's Activism Against Road Carnage and Transgressions.* Ngonyaka odlule, saphinda sakuqinisa lokhu sathi u-2012 ngunyaka wokugxilisa lo mnyakazo i-*Deepening People's Activism Against Road Accidents.*

Manje-ke njengoba sesiyabona ukuthi abantu bakithi baya ngokuya bekulungela ukuthatha umzabalazo wokulwa nezingozi bawenze owabo, kulo nyaka ka-2013 sibona kufanele sigijime kakhudlwana nale mikhankaso yokunqanda izingozi ezingenasidingo. Ngakho-ke lo nyaka ka-2013 sithi ngowokufaka ijubane esithi '*Accelerating People's Activism Against Road Accidents'*.

Ngakho-ke nakulo mhlangano kubalulekile ukuba sizozibophezela ukuthi asisabheki emuva manje kodwa sibheka phambili ngezinhlelo esinazo nalezi ezintsha esisazoqhamuka nazo ukuze sihlanganise yonke imiphakathi siqinise ukubambisana ekwesekeni u- *Operation Val'ingozi Campaign*.

Njengoba sazi, enye inselelo esilokhu sibhekene nayo kule mboni udlame nokungabikhona kozinzo. Kule mboni esikhathini esiningi akubi yinkinga ukuthi kusuke abantu nje bavulele ngenhlamvu kubagibeli abangenacala emini kabha, kubuye kusocongwane ngobumnyama.

Kuyakhuthaza-ke nokho ukuthi uHulumeni wesifundazwe ngomNyango wezokuThutha uhlale uthola ukwesekwa wubuholi bemboni yamatekisi emizamweni yokukhuthaza ukuxoxisana njengendlela yokuxazulula izingxabano ezidalwa kakhulu ukubangwa kwemizila.

Kusiphatha kabuhlungu kabi ukuthi nanamhlanje kusamele sibale izindawo ezisadinga silokhu sizibheka. Phakathi kwalezi zindawo singabala:

I-Mpumalanga and District Taxi Association, iFolweni Taxi Association noMlazi-West MNR Taxi Association Ethekwini Region; iMandini-Sundumbili, iStanger Association, i-Dolphin Coast Taxi Association noMaphumulo Taxi Association kwiLembe; u-A Rank neNgwelezane Taxi Association oThungulu; iBergville Taxi Association oThukela Region; Intuthuko Taxi Association neMasihambisane Taxi Association eMmajuba Region; Amatimatolo Taxi Association eMzinyathi; neZimeleni kanye ne-Pietermaritzburg Long Distance Taxi Associations eMgungundlovu Region.

Labo ababekhona kwi-Provincial Taxi Indaba ngonyaka odlule bazokhumbula ukuthi sakhuluma kabanzi ngalezi zinkinga saveza nezinye zezimbangela zalokhu kushayisana.

Esakuqaphela ngukuthi abanye ososeshini banemithethosisekelo engacacisi kahle ngamandla anikwa abathile kanti kwabanye ayikho kwasayona imithethosisekelo, okwenza ukuphathwa kukasoseshini kuncike wekutheni ubani onamandla noma osatshwa kakhulu.

Enye inkinga kuba ukungabi nohlelo oluqondile lokuphathwa kwezimali kanti phela le mboni iphatha ukheshi omuningi okuyinto edala amathuba okubanga kugcine sekuthathelwana izikhali.

Ukuqoqwa kwezimali okungahlelekile okuhlale kwenzeka emarenki ososeshini abaningi kuhlale kuba yinkinga ngoba kugcina sekudala ukungqubuzana ngenxa yokuthi akekho ocacisayo ngokusebenza kwalezo zimali.

Kuyinto ephambene nomthetho ukungabikhona kohlelo lokuphathwa kwezimali oluhambisana nemibiko ecacisayo ngokusebenza kwezimali enhlanganweni. Lokhu kugqugquzela izenzo zokukhwabanisa bese kuphazamiseka imigomo inhlangano esuke yakhelwe phezu kwayo.

Siyazi futhi ukuthi kusekhona omasipala esifundazweni abangakabi nezindawo zamarenki ezisemthethweni. Kokunye lapho ekhona lawo marenki awaphathwa ngendlela.

Lokhu akugcini ngokudala amarenki angekho emthethweni angenazo izimfanelo ezidingekayo ukuze irenki ibe semthethweni, kodwa kwezinye izindawo kugcina sekuholela ekwenziweni kwamarenki ezindaweni ezinabanikazi ngengasezitolo.

Ngenxa yalolu hlelo olusuke lungagunyaziwe, sekube nokungqubuzana okuningi okuholele ekulahlekeni kwezimpilo njengoba laba abasuke bengasakwazi ukungena kule ndawo beba ngabaphehli bochuku kumbe kube yibona abahlukunyezwa yilabo abakwaziyo ukungena kulawo marenki.

Lokhu kuholela odlameni sekubangwa ukuthi ngubani onemvume esemthethweni yokusebenza kule mizila. Ngenxa yalesi simo kwezinye izindawo abanikazi bamatekisi noma ososeshini bamatekisi bakwazi ukuba nezindawo ezingaphezulu kweyodwa abasukela kuzona. Abanye osomatekisi abakwazi-ke ukubekezelela into enjalo bese kusuka udweshu.

Ngenxa yokuthuthukiswa kwengqalasizinda, izindawo ezintsha zokuhlala, kanye nezindawo ezintsha zamabhizinisi kugcina sekudingeka izithuthi zomphakathi kulezo zindawo. Ngenxa yalokhu, kudaleka imizila emisha engenasoseshini obhaliswe ngaphansi kwawo.

Uma le mizila isiqala ukusebenza, abanikazi bamatekisi babe sebeqala belwela ilungelo lokuyisebenzisa kokunye baze baphule imigomo yokusebenza emizileni yabo esemthethweni noma kokunye bangene emizileni yabanye ososeshini.

Manje-ke, njengengxenye yesisombululo, uHulumeni wesifundazwe uzoqhubeka usebenze noMasipala abehlukene ukuqinisekisa ukuthi izindaba ezithinta ezokuthuthwa komphakathi azisali ngaphandle ezinhlelweni zabo

Ngokusebenzisa uhlelo lwamakomiti amawadi, sizoqhubeka nokukhuthaza imiphakathi ubuholi bezinhlaka ezahlukene zomphakathi, kuhlanganisa uhulumeni wasekhaya, ukuba bahlale ngokuxhumana nosomabhizinisi bemboni yamatekisi ukuze kube nokwabelana ngolwazi oludingekayo.

Kodwa-ke phezu kwako konke lokhu esesikushilo, ngifisa ukukubeka ukuthi kusukela ngingene kulo mNyango ngo-2009, buyangigculisa ubudlelwane esilokhu sinabo ne-SANTACO. Lena inhlangano engiyibona yakhiwe ngabantu abanombono, osomabhizinisi nabantu abaziyo ukuthi yini ukubambisana.

Kungasithokozisa nokubona iningi lenu lisebenzisa amathuba alethwa izinguquko esiza nazo emkhakheni wosomabhizinisi bamabhasi abancane esifundazweni. Kuyisifiso sethu ukubona iningi lenu lingena ezivumelwaneni nomNyango zokuhlinzeka ngezokuthutha ezixhaswe nguHulumeni ngamabhasi.

Sesilwenzile lolu hlelo e-Port Shepstone lapho Ugu Transport Services PTY (Ltd) okuyinkampani yamabhasi ehlanganisa nabanikazi bamatekisi e- Port Shepstone benza lo msebenzi.

Sengiphetha, siyanikhuthaza-ke ukuba niqhubeke nokuba yisibonelo sokuthi ukuxoxisana yikona okungukhiye ekuxazululeni izinkinga, hhayi nje ukuze nisimame kwezomnotho kuphela kodwa ukuze kuphele nesithombe esibi sokuthi niyimboni yodlame, ukubulalana nokungahloniphi umthetho.

Akumele nivumele izixhwanguxhwangu lapha embonini ukuba zehlise isithunzi semboni ebaluleke kangaka ngenxa yomhobholo lona oyimbangela enkulu yezimpi zamatekisi.

Ningavumeli ukuba umona wokufuna ukuba nabagibeli abaningi unenze nilahlekelwe Ubuntu. Isikhathi esiphila kusona sidinga amabhzinisi asebenzayo naphumeleleyo ngokuba athembeke, usizo lutholakale ngesikhathi esifanele futhi abe ngabhekelela amakhasimende kuqala. Amatekisi nawo kudingeka abe njalo.

Kumele kube yinina eniqinisekisa ukuthi abagibeli nabanye enincintisana nabo abasemkhakheni wokuthutha umphakathi banibona nenza umsebenzi ongeke indawo yawo yathathwa ngabanye osomabhizinisi.

NjengomNyango wezokuThutha KwaZulu-Natal siyazibophezela ukuthi sizoqhubeka sifeze umgomo esibekelwe wona wokuhlinzeka ngengqalasizinda yomgwaqo nokuqinisekisa ukuthi igcinwa isesimweni futhi isetshenziswa ngokuphepha.

Ngalawo mazwi ngithanda ukuphinda ngithathe leli thuba ngibonge ngethuba eninginike lona. Umzabalazo uyaqhubeka. Ngokubambisana singaziqeda izingozi emigwaqeni yethu. Ngokubambisana singayenza iKwaZulu-Natal neNingizimu Afirka iphephe ngaleli Phasika kuze kube nangemuva kwalo.

**Ngiyabonga.**